



Isobho lemifino



Kedibone Tladi






UMeme noYabo balambile.

Umama akekho ekhaya.

Bacinga ukudla ekhishini.

Akukho abangakudla.





Bacabanga ukuzilungisela okudliwayo.

“Asiye engadini kamama,” kusho uMeme.



Baphuma baya engadini.

Ingadi ayikho kude.

Umama uhlwanyele imifino eminingi.
Kukhona utamatisi, u-anyanisi,
amazambane, ubhatata, nesipinashi.





Babuka ingadi bamoyizela.


“Yebo, lemifino isilungele ukudliwa. Umama uthi imifino iyilungele imizimba,” kusho uYabo.




“Asikhe sobabilili ukuze sisheshe,” kusho uMeme.

OMeme noYabo baqala ukukha imifino.

Bayasina uma bekha imifino.





UMeme ukha utamatisi.

UYabo uyasina uma uMeme ekha utamatisi.



UYabo udomula izambane.





UMeme uyasina uma uYabo edomula amazambane.



UMeme udomula u-anyanisi.

UYabo uyasina uma uMeme edomula u-anyanisi.





UYabo noMeme bapheka isobho lemifino.

Labila esitofini laze lalungela ukudliwa.



Bayahlala, bazijabulisa ngokudla isobho labo elishisayo.

